

## **Isitatimende sazezindaba ngesinqumo odabeni lweRegiments Capital**

**Tshwane, 19 kuNhlaba 2023** – UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), uMnu. Edward Kieswetter, uthethe kwamthokozisa ukuqaphela isinqumo seNkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala mhla ziyi-18 kuNhlaba odabeni lukaKhomishana wakwaSARS ebhekene ne Regiments Regiments Capital (Pty) Ltd Nabanye.

Izinhlangothi ezithile, “ezinentshisekelo” kuRegiments zafaka isicelo sokuba kubekwe eceleni isinqumo sokudliwa kwempahla yeRegiments ngenhloso yokubuyisa isikweletu. USARS wangenelela wafaka isicelo sokuphikisa ukubekwa eceleni kwesinqumo sokudliwa kwempahla yeRegiments ngenhloso yokubuyisa isikweletu; kodwa-ke, iNkantolo Ephakeme yathatha isinqumo, phakathi kwaso, kukhona nesokubeka eceleni ukudliwa kwempahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu.

Ngaphakathi kuzinqubo zenkantolo kwakunegunya lokubeka obala amathransekshini asemqoka nokuvikelwa kokwabiwa kwenzuzo.

USARS nabadlimpahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu basiphikisa isinqumo ku-SCA okuyiyo esibeke eceleni isinqumo seNkantolo Ephezulu yaqinisekisa ukuthi nakanjani iRegiments izodlelwa impahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu. Ukusetshenziswa kwalesi sinqumo sekubeka ukuphuthulwa kwalokhu, kubandakanya ukuhlakazwa kotshalomali lwenkampani, ezandleni zabadlimpahla ngenhloso yokubuyisa isikweletu nokuphathwa kwezikweletu noMaster of the High Court.

Ngokuchithwa kwesinqumo seNkantolo Ephakeme kwesekwe isicelo sokudluliswa isinqumo okwenziwe uSARS, i-SCA ithole ukuthi iRegiments isicwilile kungengiselwano kanti besingekho isizathu sokuthola ukuthi ukuqhutshekwa nokuvalwa kwayo kwakungenasidingo noma kungadingeki.

Lezi zinqubo zikhombise ukuthi uSARS uzazi kahle izimpawu zokumiswa kwenkampani futhi unamakhono nokuzimisela ngokungenelela nokwenza konke ukuvikela imali nokwenza okufanele okubhekene nentela.

UKhomishana uKieswetter uthe: “Umphumela walesi sicelo sokudlulisa isinqumo esiyinkimbinkimbi futhi esilwiswa kangaka sikhombisa ukuzinikela kwami, engakuveza mhla kuqala isikhathi sami sokuphatha, sokwenza izinto ngokuzimisela nangobuhlakani ekulwisaneni nezenzo zokubamba umbuso ngobhongwane kanye nokubuyisa ukwethenjwa umphakathi.”

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)

IYAPHELA.